

Ibhendi enkulu yebhrasi

UZAIDE noJOE babecashile. Babecashe ngaphansi kwesiteji esikhulu sehholo ledolobha. Kwakunezintuli bo lapho ngaphansi futhi uJOE wayenesiqiniseko sokuthi kunesicabucabu esinoboya esilenga phezu kwekhanda lakhe. Babecashe lapho ngoba ibhendi enkulu yebhrasi yayizilungiselela ukuzozilolonga ehholo, kanti into nje uZAIDE ayefuna ukuyenza ngaphezu kwazo zonke emhlabeni, kwakuwukudlala ebbendini.

Ngaphambilini ekuseni uZAIDE wayefike wamisa uJOE ngaphandle kwezitolo. Wayephethe ivuvuzela esawolintshi ngombala, ibhodwe elidala nenduku.


“Joe,” kusho yena, “Joe, woza sihambe masishane!”

“Siyaphi?” kubuza uJOE owayedla ama-koeksister. KwakunguMgqibelo ekuseni futhi wayezihambela kamnandi ehla ngoMain Road egcwele ushukela ezindebeni zomlomo wakhe, nelanga lifudumele kamnandi ebusweni bakhe.

“Kufanele siye ehholo ledolobha,” kusho uZAIDE. “Shesha-ke! Asigijime!” Washo egijima njalo.

UJOE wayenqena nokugijima lokho, kodwa wayemthanda uZAIDE, ngakho wamlandela bajika ikhona, bedlula esitolo senhlanzi sikamalume wakhe banqamula enkundleni yokudlala yezingane baweleta ehholo ledolobha. Wase ebona uZAIDE emvayizela ngamandla evele emva kweminye yeminyango emikhulu phezulu ezitebhisi zehholo ledolobha.

“Woza!” kusho yena. “Shesha bo, Joe!”




Wahamba phambili ebheke ehholo, wabeka umunwe wakhe ezindebeni zakhe. "Shhhh," kusho yena, "shhhh." Ihholo lalingenalutho ngaphandle kwendoda enkulu eyayigqoke umfaniswano oluhlaza ilele esihlalweni.

"Wenzani?" kuhleba uJoe.

"Shhhh!" kusho uZaide futhi, qede wagaqa ngamadolo nezandla wangena esikhadlaneni esasingaphansi kwsiteji. "Woza!" washo kuJoe elinganisa ngomlomo kodwa engakhipihi lizwi. Empeleni uJoe wayengafuni ukumlandela bangene endaweni emnyama kangaka, kodwa walandela emuva kwakhe ekhabuzela.


"Senzani lapha?" kuhleba uJoe. "Ngiyesaba. Ngikholwa ukuthi kunezicabucabu lapha."

"Musa ukutetema wena," uZaide wamphendula naye ehleba. "Sizodlala nebhendi! Nasi isigubhu sakho." Washo emnika ibhodwe nenduku.



Ngaso leso sikhathi bezwa amaphimbo ayekhulumela phezulu ehholo nokuklweklweza kwezihlalo zihlelwa kabusha. Kwabe sekuzwakala umsindo othi *Oom-pah-pah* nokuqhuma okukhulu kwecilongo nokuduma kwesigubhu esikhulu. Khona manjalo kwaqhuma umsindo omkhulu, ibhendi yonke yaqala ukndlala ingoma ndawonye. Kwakuyinto eyayenza umuntu athatheke ngempela.

"Woza, Joe," kusho uZaide ebeka ivuvuzela ezindebeni zakhe efutha kakhulu. "Nakho-ke! Shaya isigubhu sakho, Joe!" Ngakho uJoe waqala ukushaya ibhodwe ngenkathi uZaide efutha ivuvuzela ephindaphinda.



Ibhendi yathi nqamu! Kodwa uZaide noJoe baqhubeka nokudlala isikhashana ngaphambi kokuba nabo bayeke.

"Kukhona umuntu obhimbayo," bezwa izwi lisho.

"Akuthina. Umsindo uvela ngaphansi laphaya," bezwa elinye ilizwi lisho.

UZAIDE noJoe bathula abathi nyaka. Kwabe sekuvela ubuso – kukhona umuntu owayeguqile elunguza ngaphansi esiteji! Izingane ezimbili zacasha kakhulu futhi ethunzini langaphansi kwsiteji. Kodwa, hhawu! Uthuli lwalukitaza ikhala likaJoe wangakwazi ukuzibamba. Wathimula, hhayi kanye, kodwa kathathu! *Yithi! Yithi! Yithi!*

"Phuma," kusho izwi lendoda. "Ngiyazi ukuthi kukhona umuntu olapha ngaphansi."

Ngokunyobozela uZaide noJoe baphuma ngaphansi kwesiteji baze bangena eholo. Bobabili babegcwele uthuli nolwembu. Wonke umuntu ebhendini wababuka engathi nsi! Bonke babegqoke amakepisi amahle namajakhethi amnyamana anezinkinobho ezicwebezelayo nezinsimbi zabo ezinkulu zethusi zikhazimula kakhulu. UJoe noZaide bazama ukufihla ivuvuzela esawolintshi umbala kanye nebhodwe eligugile emva kwabo.



“Ningobani, futhi nifunani lapha?” kubuza indoda emfushane enamadevu amakhulu. Yayigqoke amagilavu amhlophe, njengoba ikhulumaya yayishaya indukwana encane eceleni komlenze wayo.

“Ngiyacela, b-b-bandla ungasishayi!” kungingiza uJoe.

“Besifuna nje ukujoyina kuphela,” kusho uZaide. “Kade ngangifuna ukudlala ebhendini yenu – kwakudala!”

“Sukani lapha, nina zingane,” kusho indoda enobuso obubomvu, “sekuyisikhathi sokuhamba!” Yasho iqala iziyisa ngasemnyango.

“Yima kancane!” kwasho indoda yamagilavu amhlophe. “Uma befuna ukudlala nathi – asibavumeli ngani basijoyine? Kodwa,” yabe seyiphendukela kuZaide, “awukwazi ukudlala ivuvuzela lapha! Futhi wena,” yaphendukela kuJoe, “awukwazi ukudlala ibhodwe lapha!” Yavula ibhokisi elikhulu yafunafuna ngaphakathi kulona. “Ehhe!” yasho ikhipha unxantathu omncane wensimbi nenduku, nethamborini. Yanikeza uZaide unxantathu nenduku, yanika uJoe ithamborini.

Ubuso bukaZaide bajabha. “Kodwa ngifuna ukudlala icilongo mina!” ezikhalela.

“Uma usufunde ukudlala icilongo, uyokwazi ukwenza lokho,” kusho le ndoda. “Kodwa, okwamanje, ungadlala lokhu. NgoMgqibelo ozayo-ke uzohola ibhendi lapho yehla ngoMain Road njengoba sizobe sidlala embukisweni nje.”

Waphendukela ebhendini wathi, “Nithini nina kulokho?”

“Asiyiboni inkinga?” kusho le ndoda yesigubhu esikhulu.

“Nathi asiyiboni?” kusho owesifazane ophethe iseksofoni.



Ngakho-ke ngoMgqibelo olandelayo izingane ezimbili zazihola ngokuziqhenya ibhendi enkulu yebhrasi ihamba emgwaqweni. UJoe wayegqoke ihembe elihlanzekile elimhlophe noZaide egqoke ilokwe elibomvu efafe nemballi enkulu ephuzi ezinweleni zakhe. UZaide wayeshaya unxantathu wakhe noJoe eshukuza ithamborini yakhe eyayihambisana nesigqi somculo.

Njengoba babehamba nje, uZaide wayecabanga ukuthi ngelinje ilanga uyobe edlala icilongo ebhendini enkulu yebhrasi kuyo yonke imibukiso yamadolobha.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imibono yokusebenzisa indaba emakhasini loku-1 kuya kwelesi-3 nabantwana basekilasini lakho kanye/noma ithimba lakho lokufunda. Khetha imibono ehambisana kahle neminyaka kanye nokuthandwa yizingane.

- ★ Thola ibhodwe lokupheka kanye nenduku yokhuni noma ukhezo. Njengendlela yokwethula indaba, vula ibhodwe ulibhekise phansi bese uqala ukulishaya ngenduku/ukhezo njengokungathi yisigubhu ukuze wenze isiqqi esiqhubekayo. Linda izingane ukuba ziqaphele okwenzayo bese uzelca ukuba zijoyine ngokusebenzisa izandla zazo emilenzeni noma phansi. Chaza ukuthi uzozifundela indaba yentombazane eyayifuna ukudlala ebhendini.
- ★ Ngemva kokufunda le ndaba, buza izingane ukuthi zake zadlala yini ebhendini noma zake zayizwa yini idlala. (Akudingeki ukuba kuze kube yibhendi yebhrasi – kungaba noma yiyiphi inhlanganisela yezinsimbi edlala ndawonye.) Bese uzidedela zisho

ukuthi zazidlala ziphi izinsimbi noma yiziphi ezingathanda ukuzidlala ebhendini. Ninonke zamani ukwenza imisindo yezinsimbi enizaziyo.

- ★ Cela izingane ukuba zenze amaphosta okungenzeka ukuthi ayekhonjiswa edolobheni ukuze kukhangiswe ngombukiso owawuzokwenzeka. Yibani nengxoxo ngokuthi yiluphi ulwazi okuzodinga zilufake kumaphosta ngaphambi kokuba ziqale.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zisebenzise imfucuza esetshenziswa kabusha lapho zakha izinsimbi zazo zomculo. Isibonelo, ungenza isishukuzo ngokufaka amatshe amancane esiquathini sepullstiki noma ikopi elinesivalo. Sihlobise ngokudweba amaphethini ephepheni bese unamatelisa iphepha lelo esitsheni/ekopini. Uma ngabe izinsimbi zomculo sezenziwe, vumela izingane zizisebenzise lapho zihlabelela izingoma zazo ezizithandayo ndawonye.

Mayelana nephrojekthi ye-Story Powered Schools

UNAl'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda.

I-Story Powered Schools yiphrojekthi esahlolwayo eletha umkhankaso kaNAl'ibali wokufundela ukuzithokozisa eyicebo eliqinisekisiwe lokuthuthukisa ukufunda nokubhala ezikoleni ezisemakhaya ezifundazweni zaseMpumalanga Koloni naKwaZulu-Natali. Igunyazwe ngabo/Mnyango WezeMfundu, ifezekiswe ngabe-United States Agency for International Development (USAID).

Izikole eziyingxene ye-Story Powered Schools zizibophezele ekokheleni inhlansi yalokho izingane ezingaba yikho ngokuxoxa izindaba nokufunda. Zisebenzisa amandla ezindaba ukukhuthaza abafundi ukuba bafune ukufunda nokubhala.

